INTERNATIONAL MEDICAL INTERPRETERS ASSOCIATION
Leading the advancement of professional interpreters

Code in isiZulu/ IKhodi yendlela yokuziphatha – isiZulu

**Ikhodi yendela yokuziphatha ye-IMIA (yasungulwa ngonyaka we-1987 yabuyekezwa ngonyaka wezi-2006**

*I-IMIA yinhlangano yokuqala ukubhala ikhodi yendlela yokuziphatha eqondene ngqo notolika bezemithi. Amakhodi amaningi aye eselandela. Ikhodi yendlela yokuziphatha iyadingeka okungeyotolika bezemithi ukugcina amazinga omuntu ngamunye okulowo mkhakha ukuze awathobele. Aletha ukuziphendulela, ukuzethwesa umthwalo emahlombe nanokwethembeka komuntu ngamunye kulowo mkhakha asebenza kuwo.*

1. Otolika bazogcina okuyimfihlo kuyo yonke imisebenzi ephathelene nolwazi abesebenza ngalo.
2. Otolika bazokhetha ulimi nendlela yokutolika efanele ezodlulisa okuqukethwe nomoya womyalezo wamakhasimende abo.
3. Otolika abazukwamukela imisebenzi engaphezu kwamakhono abanawo, ulimi olufanele, noma izinga lokuqeqeshwa.
4. Otolika abazukwamukela imisebenzi uma umndeni noma lowo oyisihlobo esisondelene nabo bazokwenza ukuba bacheme.
5. Otolika abazukutolika lokho okuwumbono wabo noma beluleke amakhasimende.
6. Otolika abazukuzimbandakanya ekutolikeni okungapathelene nemisebenzi yezempilo ngaphandle kokuthi bakuqeqeshelwe lokho.
7. Otolika bazozimbandakanya ekunxenxeni iziguli nasekudlaleni indima yokuhlanganisa amasiko ahlukene/imisebenzi yalabo abangabanakekeli bezempilo neziguli kuphela uma kwenzelwa ukuxhumana okufanele, kusetshenziswe ukwahlulela okufanele.
8. Otolika bazosebenzisa ukungenelela ngokungagxambukeli ukuze baqinisekise ukuxhumana okuhle ngokukanxantathu emkhakheni wezemithi.
9. Otolika bazohlala bezilolonga ngezinguquko zezilimi zabo namatemu.
10. Otolika bazobamba iqhaza ekuqhubezeni izinhlelo zokufunda uma zibakhona.
11. Otlika bazohlala befuna ukuzimbandakanya nezinhlangano eziphathelene nomsebenzi wabo ukuze bahlale benolwazi olusha ngamazinga kanye nemiyalo ethotshelwayo.
12. Otolika abazukusebenzisa izikhundla zabo ukugwazelwa ngamakhasimende.

I-IMIA yinhlangano yokuqala ukubhala ikhodi yendlela yokuziphatha eqondene ngqo notolika bezemithi. Amalungu e-IMIA azohlonipha amazinga aphekeme endlela yokusebenza nendlela yokuziphatha kotolika. Okuyinsika yale khodi yendlela yokuziphatha yilezi zinkolelo eziyishuminambili ezingenhla. Lezi zinkolelo kumele zibhekwe ngokomlando futhi njengomhlahlandlela wendlela yokuziphatha okuhle. Amalungu angaziphathi ngalawa mazinga okusebenza azoyekiswa ukuba ngamalungu.